Lesson 10

**Ndasa 3-9*

Iqhaza Lobunceku

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Kol. 1:16-18; Heb. 4:14-16; 3 Johane 3; Gen. 6:13-18; Isamb. 14:6-12; 1 Petru 1:15, 16.

Indimana Yekhanda:
"Ngokuba uNkulunkulu kasibizelanga amanyala, kepha wasibizela ebungcweleni" (1 Thesalonika 4:7).

Ngenxa yokujula nobubanzi kobunceku, kulula ukulahleka phakathi kweminingwane eminingi, ulibale yimizila, wethuswe nawububanzi besifundo. Ubunceku bulula, kodwa futhi bunobuxakaxaka, ngakhoke kulula ukuthi umuntu abuzwe ngendlela okungeyona. Nokho-ke ngeke umKrestu noma ibandla lisebenze ngaphandle kobunceku. Ukuba umKrestu kusho nokuba yinceku enhle futhi.

"Akuwona amazwi nje, noma isiqubulo, kodwa uhlelo olusebenzayo. Eqinisweni, umthetho wokuphila womKrestu….Buyadingeka ukuze umuntu aqondisise kahle impilo, buyadingeka kumava enkolo yeqiniso. Akusikho-nje ukuvuma engqondweni, kodwa yisenzo sentando nokuvumelana okuqinile nokwenziwe ngokuzimisela okuchaphazela yonke impilo."—LeRoy E. Froom, *Stewardship in Its Larger Aspects* (Mountain View: Calif., Pacific Press Publishing Association, 1929), ikhasi 5.

Yiziphi ezinye izimiso eziyingqikithi yokuba yinceku yomKrestu? Kuleliviki sizobhekisisa izindima ezidlalwa ubunceku empilweni yomKrestu. Sizokwenza lokho kodwa, ngomfanekiso othathekisayo: isondo lenqola.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ndasa 10.*

UKrestu Phakathi Naphakathi

UJesu uyisizinda seBhayibheli lonke (Johane 5:39), thina sidinga ukuzibona sinobudlelwane naYe. Wakhokha inhlawulo yesono, futhi 'uyisihlengo sabaningi' (Marko 10:45). UJesu unalo lonke igunya ezulwini nasemhlabeni (Math. 28:18), futhi zonke izinto zisezandleni zaKhe (Johane 13:3). Igama laKhe liphakeme kunawo wonke amanye, futhi ngelinye ilanga onke amadolo ayoguqa phambi kwaKhe (Filipi 2:9-11). UJesu uyisizinda esiphilayo sakho konke." —Ellen G. Wite, *Evangelism*, ikhasi 186. UKrestu inhliziyo yobunceku bethu nomthombo wamandla ethu. Ngenxa yaKhe, siba nokuphila okufanelekile ukuphilwa, sitshengisa kubo bonke ukuthi kuYena kulapho kugxile khona izimpilo zethu.UPawulu wadlula ekuvivinyweni okuningi, kodwa noma wayekuphi, noma kwakwenzekani kuye, wayenenjongo eyodwa ephambili ngokuphila kwakhe: "Ngokuba kimina ukuphila nguKrestu, nokufa kuyinzuzo" (Filipi 1:21).

Funda kwabaseKolose 1:16-18, amaRoma 8:21, naku 2 Korinte 5:17. Zisitshelani ngokuba yingqikithi kukaJesu kuyo yonke into esithintayo na?

Abukho ubunceku bangempela ngaphandle kokuthi uKrestu abephakathi naphakathi kwabo (Gal. 2:20). Uyingqikithi yalelo "themba elibusisiwe" (Thithu 2:13), futhi "ungaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo" (Kol. 1:17). Njengoba i-axle iphakathi naphakathi kwesondo, ngaleyo ndlela ithwala isisindo senqola, uKrestu uyingqikithi yempilo yenceku. Njengoba i-axle eqinile yenza ukuzinza, ivumele amasondo ukuba aphenduke, uJesu naye uyingqikithi emile nezinzile yokuphila kwethu njengamaKrestu (Heb. 13:8). Umthelela waKhe kufanele ufinyelele kuyo yonke into esiyicabangayo nesiyenzayo. Yonke imikhakha yobunceku izungeza futhi ithole isizinda sayo kuKrestu. " 'Ngokuba ngaphandle kwaMi ningenze lutho' " (Johane 15:5). Ingqikithi yobunceku akulona igobongo elingenalutho, kodwa ubukhona bukaKrestu ophilayo, osebenza kithina ukubumba izimilo zethu manje naphakade.

Singasho kalula ukuthi uJesu yingqikithi yempilo yethu, kodwa enye into ukuphila ngendlela etshengisa lokho. Ungaqiniseka kanjani ukuthi uJesu nangempela uphila ngaphakathi kwakho njengoba ethembisa uma-nje simvumela?

Imfundiso YeTabarnekeli

Asivamile ukucabanga ngeTabarnekeli ngokuqondene nobunceku. Kodwa kukhona ukuxhumana ngoba itabarnekeli limqoka ohlelweni lokukholwa kwethu, kanti ubunceku buyingxenye yalolo hlelo. "ukuqonda ngendlela efanele umsebenzi kaKristu etabarnekelini kungumongo wokukholwa kwethu."—Ellen G. White, *Evangelism*, ikhasi 221. Kuyadingeka ukuthi siqonde iqhaza lobunceku ngokuqondene nalomqondo weBhayibheli.

KweyamaKhosi okuqala 7:33 kuchazwa isondo lenqola. Sizofanekisa itabarnekeli njengehabhu lesondo. Ihabhu lixhumene ne-axle lenze kube khona ukuzinza okungcono uma liphenduka. Esedlule ekufeni wabuye wavuka ngokunqoba (2 Thim. 1:10), uKrestu ngokufa kwaKhe uyisisekelo somsebenzi waKhe etabarnekelini (Heb. 6:19, 20) futhi wenza ukusimama wokukholwa kwethu. Kusetabarnekelini lapho esenzela khona umsebenzi thina balapha emhlabeni (bheka kumaHeb.8:1, 2). "Ngokuma phezu kwesimiso esithi sola scriptura (iBhayibheli kuphela), inkolo yama Adventist yakhe uhlelo lwayo lwezimfundiso ngokuthathela emfundisweni yetabarnekeli."—Fernando Canale, *Secular Adventism? Exploring the Link Between Lifestyle and Salavation* (Lima: Peru, Peruvian Union University, 2013), amakhasi 104, 105.

Lezindimana zisitshelani ngomsebenzi kaJesu ethempelini? 1 Johane 2:1, Heb. 4:14-16, Samb. 14:7.

Imfundiso yetabarnekeli iyasiza ukwembula iqiniso elikhulu lokusindiswa nokuhlengwa, elingumongo wayo yonke imfundiso yobuKrestu. Ethempelini asiboni kuphela-nje ukufa kukaKrestu ngenxa yethu, kodwa nomsebenzi waKhe ethempelini lasezulwini. Futhi singabona endaweni engcwele-ngcwele ukubaluleka komthetho kaNkulunkulu nobuqiniso bokwahlulela kokugcina. Phakathi naphakathi kwakho konke, kunesithembiso sokuhlengwa esikwenzelwe ngegazi likaJesu elasichithekela. Indima yobunceku itshengisa impilo egxile eqinisweni elikhulu lokusindiswa, njengoba silibona emfundisweni yethempeli. Uma sijula nokuqonda lokho uKrestu asenzela kona nalokho akwenzayo ngaphakathi kwethu manje, kulapho sisondela khona kuKrestu, umsebenzi waKhe, imfundiso yaKhe, nenjongo yaKhe ngalabo abaphila ngokwezimiso zobunceku.

Funda kumaHeberu 4:14-16. Yini esingayithola lapho kowethu umzabalazo nesono, umina, nobugovu? Siwathola kanjani amandla nethemba kulokho okwethenjiswe lapho na?

Izimfundiso Esikholelwa Kuzona Ezigxile Ku Krestu

Ithempeli liyingqikithi ngoba kulapho iqiniso elikhulu losindiso libonakaliswa khona ngamandla, lapho kwembulwe khona ukuthi sisho ukuthini isiphambano. Futhi zonke izimfundiso zethu, ngandlela thile, kudingeka zixhumane nesithembiso sevangeli nosindiso. Njengezipoki zesondo, ezinye izimfundiso zisuka eqinisweni elikhulu lokusindiswa ngokukholwa kuJesu. "Umhlatshelo kaKrestu njengendlela yokususa isono, yiqiniso elikhulu okuyilona elizungezwe yiwo wonke amanye amaqiniso…Labo abafundisisa ngomhlatshelo omkhulu nomangalisayo woMhlengi wethu, bayakhula emseni nasekwazini." –Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary,* vol. 5, ikhasi 1137.

Wayesho ukuthini uJesu uma ezibiza "ngeqiniso" kuJohane 14:6? Qhathanisa noJohane 17:17. Sidinga ukwenzani ngeqiniso na? 3 Johane 3.

Izimfundiso esikholelwa kuzo yizona ezishoyo ukuthi singobani, nokuthi siyaphi. Izimfundiso akusiyo-nje imiqondo engaphatheki ngolwazi lweBhayibheli; yonke imfundiso yeqiniso igxile kuKrestu, futhi yonke kumelwe ibe nomthelela endleleni esiphila ngayo. Eqinisweni, umuntu angasho kufaneleke, ukuthi ubuthina njengama Seventh-day Adventist bunezimpane zabo ezimfundisweni zethu ngaphezu kwanoma yini enye. Izimfundiso-ke, esizithathela eBhayibhelini, yizona ezisenza lokho esiyikho thina maSeventh-day Adventist.

Indima yobunceku ukuphila iqiniso lezimfundiso njengoba linjalo kuJesu, nokwenza lokho ngendlela ethinta kahle izinga lempilo yethu. "Uma-ke nimzwile nafundiswa kuye, njengokuba iqiniso likuJesu, ukuba nikhumule umuntu omdala ongowenkambo yokuqala, owonakala ngezinkanuko zenkohliso nenziwe basha emoyeni wengqondo yenu, nembathe umuntu omusha owadalwa ngokukaNkulunkulu ekulungeni nasebungcweleni beqiniso" (Efesu 4:21-24).

Kulezindimana asitholi-nje kuphela ukuthi kusho ukuthini ukwazi iqiniso, kodwa nokuliphila. Ukuba yinceku akusikho-nje ukukholwa izimfundiso, noma ngabe lezo zimfundiso ziyiqiniso kanjani; ukuba yinceku kusho ukuphila lawo maqiniso empilweni yethu nasekuxhumaneni nabanye abantu.

Izigijimi Zezingelosi Ezintathu

Kukabili kuphela lapho uNkulunkulu exwayise khona izwe ngenhlekelele ezayo: kuNowa (Gen. 6:13:-18, Math. 24:37) okwesibili, ngezigijimi zezingelosi ezintathu (Samb. 14:6-12). Lezigijimi zigudluza ikhethini, ziveze umbono ongandile ngezigameko ezizayo emhlabeni. Ulwazi lwethu ngalezigijimi sekuthuthukile ngokuhamba kwesikhathi, kodwa isigijimi nomsebenzi kuseyikona ukulungisiswa ngokukholwa kuKrestu, "isigijimi sengelosi yesithathu ngeqiniso."—Ellen G. White, *Evangelism,* ikhasi 190. Ngamanye amazwi, phakathi naphakathi nesigijimi sethu seqiniso lamanje, isigijimi esibizelwe ukusimemezela emhlabeni, uJesu nomhlatshelo waKhe oMkhulu ngenxa yethu.

Funda kuSambulo 14:6-12. Yini ingqikithi yalezigijimi? Zithini ezweni? Yikuphi ukuziphendulela okusemahlombe ethu mayelana nalezigijimi, futhi bungena kanjani ubunceku lapho?

Njengama Seventh-day Adventists, umsebenzi wethu ukunikeza iqiniso lezingelosi ezintathu ukulungisela ukubuya kukaKrestu. Abantu badinga ukwenza isinqumo mayelana nephakade. Iqhaza lobunceku ukusebenzisana noNkulunkulu kulomsebenzi (2 Korinte 5:20, 6:1-4). "Ngendlela ekhethekile, amaSeventh-day Adventist akhethelwe eceleni emhlabeni njengabaqaphi nabaphakamisi bokukhanya. Anikwe isexwayiso sokugcina salomhlaba obhubhayo. Kukhanya phezu kwawo ukukhanya okumangalisayo okuvela ezwini likaNkulunkulu. Anikwe umsebenzi ongcwele ngokumangalisayo—ukumemezela isigijimi sengelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu. Awukho omunye umsebenzi obaluleke njengalona. Abangavumeli noma yini isuse izingqondo zabo kuwona."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 9, ikhasi 19. Irimu yesondo isondelene nalapho kuthintana khona nomgwaqo, kanti imele umsebenzi wezigijimi zezingelosi ezintathu. Umsebenzi wazo ukuvimbela ukunhlanhlatha ekufundweni kweBhayibheli, bese usitshengisa umsebenzi wethu kulezigameko zezinsuku zokugcina. Asibe yizinceku zalesigijimi, sisimemezele emhlabeni.

Kulula uma sicabanga ngezigameko zezinsuku zokugcina, ukuthathekiswa amashadi, izinsuku neminyaka. Ikhona indawo yalokho, kodwa singenza kanjani emizamweni yethu yokushumayela lesigijimi emhlabeni, ukuthi sigqamise uJesu ngaphambili nakuzo zonke izinhlangothi na?

Ubunceku

UKrestu ufuna ukuba siphile impilo engcwele. Impilo yaKhe itshengisa "ubungcwele" nokuthi ubunceku bufanele bube njani (Heb. 9:14). Asiphatheni izimpilo zethu ngendlela ethokozisa uNkulunkulu, okuhlanganisa indlela esiphatha ngayo konke esikuphathisiwe. Ubunceku ukubonakalisa lobo bungcwele.

Qhathanisa u 1 Petru 1:15, 16 namaHeberu 19:14. Kusho ukuthini ukuthi "yibani ngcwele" nokuthi "ubungcwele" na? Kuhlangana kanjani lokhu nobunceku bethu na?

_____

_____

_____

AmaRoma athola ukuthi isondo lenqola lihlala isikhathi eside uma irimu izungezwa ngokusansimbi. Osebenza ngensimbi wayeshisisa insimbi ngokwanele ukuthi ikhukhumale ukuze agoqe ngayo irimu. Amanzi abandayo ayeyifinyelisa ize iqine ekuzungezeni irimu. Leyonsimbi-ke iyona eyayithintana nomgwaqo uma isondo liphenduka. Lensimbi ezungeze irimu ingafaniswa nobunceku. Yisikhathi seqiniso leso, lapho izimpilo zethu zokukholwa zikhuhlana nezimpilo esiziphilayo. Kulapho ukukholwa kwethu kuhlangana khona nokwehla nokwenyuka kwasekuphileni ngempumelelo nangokwehluleka. Kulapho izimfundiso esikholelwa kuzo zibonakala ngempela ekuphileni okulukhuni kwansuku zonke. Ubunceku kuyinto yangaphandle egoqe lokho esiyikho nesikwenzayo. Ubufakazi bokuziphatha kwethu nobempilo ephethwe kahle. Izenzo zethu zansuku zonke ezembula uKrestu zifana nensimbi ezungeze isondo okuyiyona ethintana nomgwaqo. Izenzo zinamandla. Zidinga ukulawulwa ukuzinikela kwethu kuKrestu. Sidinga ukuphila nalesi siqiniseko nesithembiso: "Ngingenza konke ngoKrestu ongiqinisayo" (Filipi 4:13). "Ukwenziwa ngcwele komphefumulo ngokusebenza kukaMoya oNgcwele ukutshalwa kwemvelo kaKrestu ebantwini. Inkolo yevangeli isho ukuthi uKrestu uphila emntwini—umthetho ophilayo nosebenzayo. Umusa kaKrestu owembulwe esimilweni nothela imisebenzi emihle. Izimiso zevangeli azikwazi ukwehlukaniswa kunoma iyiphi ingxenye yempilo. Yonke imikhakha yempilo yobuKrestu nokusebenza kumelwe ifanekise impilo kaKrestu."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, ikhasi 384.

Buka impilo yakho yansuku zonke, ukuphila kwakho kwazo zonke izinsuku. Yini kuleyo mpilo etshengisa ubukhona bukaKrestu ngaphakathi kwakho, esebenza kuwe, ekwenza isidalwa esisha? Yiziphi izinqumo odinga ukuzenza ngokucophelela ukuze ubone ubungcwele baKhe bembuliwe kuwe na?

Ukujula Nomcabango: Ngezinye izikhathi kwakudingeka ukuthi kubuye kulungiswe insimbi ezungeze isondo, ibuyiselwe esimweni sangaphambili, ngenxa yokuthi seyinwebekile ngokushayeka kwayo emgaqweni. Lowo msebenzi wawudinga ukuqonqothela okuningi. Lokho kumele ubunceku njengokwenziwa ngcwele okubonakalayo. Ukuba nomqondo kaKrestu lapho umuntu ebhekana nazo zonke izimo zokuphila ezincane nezinkulu, ngisho noma ukwenze njalo kungaba buhlungu. Noma ngabe wonke lomsebenzi uphathelene nokusebenzisa kwethu imali, ubudlelwane ngaphakathi kwemindeni, noma emsebenzini, singabala sithini, konke kudinga ukubukwa ngokwentando kaKrestu. Ngesinye isikhathi , njengoba sonke sazi kahle, singasifunda lesifundo ngendlela elukhuni yokushayiseka lapha nalaphaya. Akulula ukubuyisela insimbi esimweni sayo. Futhi akulula nokuhlumelelisa isimilo somuntu. Cabanga ngokwenzeka kuPetru. Wayekade ekuzo zonke izindawo noJesu, kodwa wayengawalindele lamazwi ukuthi angaphuma ezindebeni zikaJesu: " 'Ngikukhulekele, ukuze ukukholwa kwakho kungehluleki: uma-ke sewuphendukile, uqinise abazalwane bakho' " (Luka 22"32). Kungekudala kakhulu ngemuva kwalokho, esephike uJesu, uPetru waba nenguquko empilweni yakhe, kodwa ngemuva kwesigameko esilukhuni nesibuhlungu kakhulu. Ngenye indlela, ubunceku bakhe bahlunyeleliswa. UPetru waphenduka kabusha, impilo yakhe yayisizothatha indlela entsha, kodwa ngemuva kokunqonqothelwa kwangempela.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kuhlangene kanjani ukwenziwa ngcwele ngendlela ebonakalayo nomyalo kaJesu othi " 'makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla" 'Luka 9:23. Yini leyo ebethelwe? Gal. 6:14. Lokhu kuwufanekisa kanjani umsebenzi wokwenziwa ngcwele na? Ukwenziwa ngcwele ngendlela ebonakalayo kusisiza kanjani ukufunda ukucabanga njengoNkulunkulu na? 1 Korinte 2:16.

2. Kwawakho amava ubone kanjani ukuthi ukuvivinywa okubuhlungu kungakufundisa izifundo ezinamandla ngempilo yobuKrestu nokulandela uNkulunkulu na? Nika ithuba kulabo eklasini abakhululekile ukukhuluma ngalawo mava, nokuthi bafundani. Singafundani emaveni omunye nomunye?

3. Cabanga ngezinye izimfundiso zethu maSeventh-day Adventist, kungaba yiSabatha, isimo sabafileyo, ukudalwa, ukubuya kukaJesu, njalo njalo. Zifanele ukukuthinta kanjani ukuphila kwethu jikelele lezinkolo?